



Isipho sika-Anti uBoi

Le ncwadi ngeka









Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.

*Isipho sika-Anti uBoi
(Auntie Boi's Gift)*

Illustrated by Ndumiso Nyoni

Written by Baeletsi Tsatsi

Designed by Bianca Wiesner

Edited by Margot Bertelsmann

Translated by Nal'ibali

with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 27 October 2018.

ISBN: 978-1-928497-65-3

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.



Isipho sika-Anti uBoi



Baeletsi Tsatsi

Ndumiso Nyoni

Bianca Wiesner






UKopano noRea baya
edolobheni okokuqala ngqa!








“Khumbulani ukuqinisa amabhande ezihlalo enu,” kusho uMama. “U-Anti uBoi uthumelele nina mantombazane isipho kanti sizoyosilanda eposini elikhulu edolobheni.”

“Simagange ukubona isipho, Mama,” kusho amantombazane, ayesesuka ehamba.







“IBhuloho LikaNelson Mandela lisiholela edolobheni,” kusho uMama.

“Mhh, iBhuloho LikaNelson Mandela,” kusho uKopano.





“Bheka,” uRea esho kuKopano,
“amabhilidi amade amaningi kangaka.”

“Mhh, ucabanga ukuthi nesipho sethu
side naso, Rea?” kubuza uKopano.






“Bheka,” uKopano esho kuRea, “izithelo nemifino okuningi kangaka.”

“Mhh, ucabanga ukuthi isipho sethu sinambitheka kamnandi?” uRea ebuza kuKopano.





IZITHELO NEMIFINO



“Bheka,” kusho uRea kuKopano,
“izimpahla zokugqoka zomdabu!”

“Mhh, ucabanga ukuthi u-Anti uBoi
usithengele izimpahla zokugqoka
zomdabu?” kubuza uKopano.





KUVULIWE







“Hha, kufana nephathi eyodwa enkulukazi,” kusho uKopano noRea.


“Mhlawumbe isipho sakho sicula iculo elinomsindo omkhulu,” kusho uMama emoyizela.

“Mhh, siyawathanda amaculo anomsindo omkhulu,” kusho amantombazane.





“Nakhu la sikhona!” kusho uMama.





POST OFFICE



KUVULIWE





“Ngabe ucabanga ukuthi side njengamabhilidi esiwabonile?” kubuza uRea.

“Cha,” kusho uKopano.

“Ngabe ucabanga ukuthi sinambitheka kamnandi njengezithelo nemifino esikubonile?” kubuza uRea.

“Cha,” kusho uKopano.

UKopano wanyakazisa ibhokisi. “Aliwenzi umsindo omkhulu njengezipikha esizedlulile.”

“Futhi angiboni nje nokuthi yizimpahla zokugqoka zomdabu,” kusho uRea.





UKopano noRea bahlala
khona lapho phansi eposini
base belivula ibhokisi.







“Labo ngonodoli bamaMasayi,” kusho uMama kula mantombazane.

“Onodoli bamaMasayi abaphuma eKenya,” kusho uKopano.

“Ave sibathanda laba onodoli!”
kusho uRea.









UMama uthwebula isithombe
samantombazane bese esithumela
ku-Anti uBoi.





